JW.ORG™
Zithathele le PDF engosini ethi www.jw.org/zu

Siza Ngokuhlanganyela Nabanye Izindaba Ezinhle

Funda IsAmbulo 14:6, 7. UJehova uthumela izingelosi ukuze zisisize sisakaze ‘izindaba ezinhle’ ezivela eBhayibhelini “kuzo zonke izizwe nezinhlanga nezilimi nabantu.” Funda ngezinye zalezi zizwe, izinhlanga, izilimi nabantu ekhasini lokuqala lengosi i-jw.org/zu. Njengomndeni, bhekani isithombe ngasinye esichonywe phezulu ekhasini lokuqala. Zamani ukuqagela ukuthi esakuliphi izwe. Ngemva kwalokho, chofozani engxenyeni ethi “VULA” ukuze nithole impendulo futhi nibone inani loFakazi BakaJehova abafundisa iBhayibheli kulelo zwe. Yibani senibheka ibalazwe elingezansi. Phawulani indawo lelo zwe elikuyo bese nibona ukuthi indawo enihlala kuyo iqhelelene kangakanani nalo.

▶ **MANJE ZAMANI LOKHU:** Sebenzisani i-*ONLINE LIBRARY YeBhayibheli* ukuze nithole imininingwane ephathelene nesithombe esiphezulu ekhasini lokuqala. (Bheka ngaphansi kwesithi IZINCWADI > I-ONLINE LIBRARY.) Nisebenzisa *INcwadi Yonyaka Ka-2013 YoFakazi BakaJehova,* tholani inani loFakazi BakaJehova abafundisa iBhayibheli ezweni *lakini.* (Bheka ngaphansi kwesithi IZINCWADI > IZINCWADI NEZINCWAJANA.)

www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania